## ISIQEPHU A: INOVELI

## *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

### UMBUZO 1

1.1 NgeyakwaNtombela. (1)

1.2 Ngezimpelasonto. (1)

1.3 UMaNdlovu/B (1)

1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Zazicula.
- Zazixoxa ngezintombi ezizishiye emakhaya.
- Zazixoxa.
- Zazifundelana izincwadi ezivela emakhaya. (2)

1.5 1.5.1 Ekuhambeni uhlangabezana nezimo eziningi/nezinto ongazilindele/ kuningi okufundayo ekuhambeni. (2)

1.5.2 Zithukuthele/Zicasukile/Zidinwe kakhulu. (2)

1.5.3 Wala waphetha/wanqaba. (2)

1.6 Wabona amadoda amane ebambe enye indoda izandla nemilenze ayiphonsa emgodini wabe esebaleka. (2)

1.7
- Waceba umLungu owayentshontsha izindwangu efemini.
- Waceba indoda ebhema insangu bese ihlukumeza abasebenzi. (2)

1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayenamasimu elima.
- Wayefuyile.
- Kwakukhiwa amanzi emfuleni. (2)

1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayemphethe kahle, emnakekela umkakhe, engaswele lutho.
- Wakhulisa izingane zakhe kahle.
- Wafundisa izingane zakhe.
- Wakha umuzi omkhulu. (2)

1.10 Wayengenayo imali yokugwazela abantu abasebenza ukubhalisela impesheni. (2)

1.11 Wenza umcimbi omncane, wabiza umndeni wakhe wase etshela amadodana akhe ukuthi akasenawo amandla okuzondla yena nomkakhe ngakho-ke abacabange ukuthi bazokwenzenjani ngabo. (2)

1.12 Bagcina bubuhle, basebesondelene kakhulu. Umzukulu esebona ukuthi iziyalo azinikwa ugogo ziyamakha. (2)

1.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wabathengela izingubo zokugqoka.
- Wabanika imali.
- Wabaluleka ukuthi baye kwaSizabantu. (2)

1.14
- Wenza idili.
- Wabela abazukulu bakhe. (2)

1.15 Nanka amaphuzu abafundi abangabhala benabe ngawo bese bewasekela:
- Hlonipha uyihlo nonyoko ukuze izinsuku zakho zande ezweni.
- Kuhle ukuthi umndeni ubonisane uma uzothatha izinqumo.
- Impilo iyaguquguquka. (3)

1.16 Iqiniso
- Babahlukanisa ngenkathi bebathatha beyohlala nabo emizini yabo.
- Babaphatha kabi ngesikhathi behleli nabo. (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

**UMSHADO – N Zulu**

2.1 Kubo/Ekhaya. (1)

2.2
- Wabe ezwe ukuthi uBhekani usezoshada. (1)
- Wabe ekhulelwe ingane kaBhekani. (1)

2.3 Wayenguthisha/C. (1)

2.4 Yingoba akakaze aye kombheka selokhu ahamba ethathwa yimoto ebomvu engaziwa. (2)

2.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wabuza uBhekani ukuthi uyazi yini ukuthi uTholakele akazitholi izingane.
- Watshela uBhekani ukuthi akoke anyonyobe ayobheka ukuthi uPamela noTholi benzani ebusuku.
- Wambuza ukuthi uTholi wamtshela yini ukuthi wafunda wagcinaphi nokuthi wenza msebenzi muni.
- Wambuza ngoBhatomu.

Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi. (2)

2.6 2.6.1 Wagcwala izinyembezi emehlweni. (2)

2.6.2 Wangazi ukuthi kumele athini/akaphumanga nazwi/aphelelwe amazwi. (2)

2.6.3 Asisazi ukuthi phakathi kwalaba besifazane ababili yimuphi omkhethayo. (2)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wathi uma engake akhulelwe uLindiwe uyovele amhlawule ashade noTholi.
- ULindiwe akanachashazi, kodwa uBhekani walobola uTholakele wamyeka uLindiwe nakuba uTholi ayenezinto eziningi uBhekani, ayengaziqondi ngaye.
- Umndeni kaBhekani uthanda uLindiwe kakhulu, awumthandi uTholi kodwa uBhekani akanandaba nalokho. Yena uqhubeka nokushada uTholi.
- Wadela zonke izeluleko ezazimexwayisa ngobubi bukaTholi.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi). (4)

2.8 Wafika ekhaya kushe zonke izimpahla zakhe kuwadilophu kusele izinto zokugaxa izimpahla kuphela. (2)

2.9 2.9.1 Amaphuzu AMABILI kulawa alandelayo:

- Umama wakhe wayemkhuza embonisa ukuthi uTholakele ungumfelokazi odla izidakamizwa.
- Wathi akashweleze kwabaphansi uma efuna ukushada noTholakele ngoba ubaba wakhe ukhombisa ukungamamukeli uTholakele.
- Wathi uTholakele kumele agezwe asuswe isinyama.
- Wazama ukumbonisa ukuthi uLindiwe uyena unkosikazi omfanele. (2)

2.9.2 Amaphuzu AMABILI kulawa alandelayo:

- USfiso wamtshela uBhekani esamxoxela ngentokazi enhle egqoke izingubo ezimnyama ayibone esitobhini ukuthi akabhasobhe kungenzeka ukuthi ingumfelokazi.
- Wamtshela ukuthi ubudlelwano bukaPamella noTholi abalungile, wakhuthaza uBhekani ukuthi anyonyobe ayolunguza ukuthi benzani uma bendawonye.
- Wamtshela ukuthi uTholi ufunwa umfowabo wendoda yakhe uBhatomu.
- Wamtshela nokuthi uTholakele akabatholi abantwana. (2)

2.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UBhekani wayephuma esibhedlela endleleni wamiswa uBhatomu wathi akangene emotweni wanqaba.
- Wehla uBhatomu wazama ukumgwaza, wavika uBhekani kwagwazeka iyembe lakhe laklebhuka.
- Wathi uyabaleka uBhekani wamkheqa uBhatomu.
- Kwaphuma izinsizwa ezimbili emotweni zizolekelela uBhatomu wabaleka uBhekani. (3)

2.11 Amaphuzu AMABILI:

- Kwamsiza ngoba kwathi lapho uTholi eseboshwa ngamaphoyisa uLindiwe waya kuBhekani wambiza wathi abangene emotweni baye ekhaya.
- Ukuba khona kukaLindiwe kwanika uBhekani ithemba lokuthi impilo isazoqhubeka nakuba uTholi engasekho empilweni yakhe.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi) (2)

2.12 Nanka amaphuzu abafundi abangabhala benabe ngawo bese bewesekela:

- Uthando.
- Ubugebengu.
- Umthelela wamandla abantu abangasekho ezimpilweni zethu. (3)

2.13 Iqiniso.
Baningi abantu ababembonisa ngobungozi bokuthandana noTholakele kodwa engabalaleli. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

3.1 Basebenzela inhlangano eyodwa/uMbandlwa ungumabhalane kaDuma. (1)

3.2 UMaNgema/A. (1)

3.3
- Yisimo sikaMbandlwa. (1)
- Nabafanyana abahambisana nenkosi. (1)

3.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akashadile, uyimpohlo.
- UMaShezi ucabanga ukuthi nguyena owenza uDuma angayihloniphi inkosi ngoba uMbandlwa nguyena owahlohla uDuma ukuthi angayi esigodlweni ngesikhathi inkosi ithumele isigijimi ukuthi sizombiza.
- UMaShezi ucabanga ukuthi umyeni wakhe ulalela uMbandlwa kunaye. (2)

3.5 UDuma wakhethwa ngokwentando yeningi/wavotelwa ukuthi abe yikhansela kule ndawo. Inkosi uShandu yona yabekwa ayivotelwanga. (2)

3.6
- Kunokwesabela izimpilo zabantu.
- Kunokufa kwabantu, kufa uMbandlwa noDlamini nomndeni wakhe wonke. (2)

3.7
3.7.1 Ngingazithoba/Ngingakhombisa inhlonipho. (2)

3.7.2 Ubedinwe kakhulu. (2)

3.7.3 Uyesaba/Unovalo. (2)

3.8 Amaphuzu AMANE kwalandelayo:
- Umhlangano wase uzoqala, kwezwakala amabutho ehuba eza neno.
- UDuma wacabanga ukuthi abantu ababezothamela umhlangano wase ethumela uMbandlwa ukuthi aye kobatshela ukuthi ukuliphi igumbi umhlangano.
- UDlamini nezinye izinsizwa ezimbili ayehamba nazo abazange besabuza, bagadla kuMbandlwa.
- Walimala uMbandlwa waphuthunyiswa esibhedlela.
- UDlamini yena waboshwa. (4)

3.9 **Ukuvuma:**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ekuqaleni uMaShezi wamtshela ukuthi akangayi kozehlisa enkosini nangempela wenze njalo.
- UMaShezi wahamba wayokhuluma nenkosi ngendaba kaDuma ebe engaqalanga ngokubonisana naye.
- UMaShezi waxosha uMbandlwa emzini wakhe. Asimuzwa uDuma evikela uMbandlwa.

- Ukuhlala kukaMaShezi nomyeni wakhe ebe evakashelwe ngenye indoda kukhombisa ukungayazi indawo yakhe. Emakhaya inkosikazi ayihlali namadoda uma exoxa. Isibonelo, uMaNgema undlunkulu wenkosi uShandu uyaphuma uma kungena uDlamini ezobona inkosi. Lokhu kukhombisa inhlonipho.

**Ukuphika:**

- Wayeyindlovu kayiphikiswa, uMaShezi wahluleka ukumphoqa ukuthi aye kozehlisa enkosini ukuze kube nokuthula endaweni.
- UMaShezi wehluleka ukumhlukanisa noMbandlwa.
- UMaShezi wemuka wabuyela kubo, akazange aye ukuyomncenga. Waze wazibuyela yena uMaShezi. (3)

3.10
- Walalela lapho undlunkulu wakhe embonisa ukuthi akabize uDuma bazoxoxisana naye.
- Waxola kalula lapho umfundisi Mazongolo ezocelela uDuma uxolo.
- Wayeyilalela nemibono yenduna yakhe uDlamini. (3)

3.11
- Kulo mdlalo amadoda wodwa athatha izinqumo kwezombusazwe. Imibono yabesifazane ayibonakali ihlonishwa.
- Ukube uDuma wamlalela uMaShezi ngesikhathi ethi akaye kozehlisa enkosini ngabe akuzange kube nezinkinga ezagcina sezivelile zokufa kwabantu.
- Ekugcineni lapho sekufe abantu umuntu oqhamuka nesixazululo ngumuntu wesifazane lokhu kukhomba ukuthi ukuba uMaShezi wayelaleliwe kwasekuqaleni ngabe izinkinga azizange zibe khona. (3)

3.12
- Uvezwe njengomlingiswa oziphakamisayo. Wathi uma ekhethwa njengekhansela wanquma ukuthi yena angeke aye kokhothama enkosini yize ayeyazi inqubo yasemaphandleni ukuthi inkosi iyahlonishwa.
- Uvezwe njengomlingiswa onenkani. Akamlalelanga unkosikazi wakhe ngesikhathi emeluleka ukuthi akaye kozehlisa enkosini ngoba ukuqinisa kwakhe ikhanda kudala izinkinga ezingaholela ekuchithekeni kwegazi.
- Uphinde avezwe njengomlingiswa odelelayo. Ngesikhathi inkosi imbiza akazange aye esigodlweni. (3)

3.13 Iqiniso.
Abafundi bangesekela ngephuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDlamini wayeyindoda edelelayo. Wathuka uDuma wathi uyinja wathi uyaklewula ngesikhathi ememezela umhlangano.
- Waqoqa amabutho wawayisa kohlakaza umhlangano owawubizwe nguDuma engayazisanga inkosi. Kukulowo mhlangano lapho okwashaywa kwalinyazwa khona uMbandlwa.
- Ngenxa yobulukhuni bekhanda likaDlamini, waze waboshwa wakhokhelwa yinkosi ibheyili. (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 4: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

4.1 Basejele. (1)

4.2 UNondumiso. (1)

4.3 UMaNzuza/B. (1)

4.4 Bangabangani. (1)

4.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Elokuthi wonisa uThenjiwe emendweni.
- Elokuthi wagwaza uDumisani.
- Elokuthi wenza uThenjiwe abe nenkani. (2)

4.6 Ukuthi uyophuma mhla uThenjiwe wavuma ukugana uDumisani. (2)

4.7 4.7.1 Ngize ngifele ejele/ngingaphumi ejele. (2)

4.7.2 Ngimcele ukuba angatsheli muntu/angasho lutho kumuntu/ ngimvale. (2)

4.7.3 Ngimenze into embi/ebuhlungu/engafanele. (2)

4.8 Wathi wonisa uThenjiwe emendweni wakhe. (2)

4.9 Amaphuzu AMANE kwalandelayo:
- UMaMbatha waqala ngokutshela uThenjiwe ukuthi kuzomele angenwe nguDumisani njengoba umyeni wakhe ayeseshonile.
- Waphoqa uDumisani ukuthi avume ukungena uThenjiwe.
- Wasabisa uZungu ngokuthi uzoziqhatha namadlozi uma evumela uThenjiwe ukuthi aphindele ekhaya.
- Waqambela uSipho noThenjiwe amanga ukuthi bayathandana yingakho uThenjiwe engafuni ukugana uDumisani.
- Wathi uSipho ugwaze walimaza uDumisani ngakho kumele aboshwe. Lokhu wayekwenza ukuqinisekisa ukuthi uDumisani akabi isiphazamiso kuThenjiwe.
- Wacindezela uThenjiwe ngokuthi uzombopha uma engavumi ukushada noDumisani njengoba ayenobufakazi bokuthi uThenjiwe wayezama ukudlisa uDumisani ushevu ayewufake etiyeni. (4)

4.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UThabi udadewabo omncane kaDumisani wabona uThenjiwe efaka ushevu etiyeni likaDumisani.
- Wathi uDumisani uma esethi uphuza itiye uThabi walithatha wathi lizophuzwa nguyena.
- UThenjiwe noThabi baxabana. UThabi washo ukuthi umbonile uThenjiwe efaka okuthile etiyeni likaDumisani.
- UDumisani akabange esaliphuza itiye. (3)

4.11 4.11.1 Ugogo kaThenjiwe wayegula kakhulu ethi ngabe useshonile kodwa ulinde ukuthi uThenjiwe avume ukugana uDumisani ukuze umphefumulo wakhe uphumule ngokuthula. (2)

4.11.2 UMaMbatha wagqugqzela ukuba uDumisani angene uThenjiwe. (2)

4.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayefuna ukuvalelisa ngoba akalitholanga ithuba lokuya emngcwabeni kaSipho.
- Wayedliwa unembeza ukuthi uSipho washona ngenxa yakhe. (2)

4.13 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Ukuvuma**:

- Isiko lokungena/lokungenwa alisenayo indawo ngoba abantu besifazane banamalungelo okuzikhethela abantu abafuna ukushada nabo.

**Ukuphika:**

- Isiko lokungenwa/lokungena lisabalulekile ngoba lenza umndeni ungahlakazeki, lisiza izingane ukuthi zingahlupheki. (3)

4.14 Iqiniso.

- Bayesekelana ngodaba lokuthi uThenjiwe angenwe nakuba ekuqaleni babengavumelani kodwa ekugcineni bayabambisana ukwenza isiqiniseko sokuthi isiko ligcine liphumelele. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

## UMBUZO 5: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli*

5.1 **INGODUSO – S Bhengu**

5.1.1 Uyobheka ingoduso yakhe/Uya ekhweni lakhe. (1)

5.1.2 UNokwazi. (1)

5.1.3 Iminyaka emibili/emi-2. (1)

5.1.4 Ukuntshontsha/Ukugqekeza. (1)

5.1.5 Imali. (1)

5.1.6 UPhumlani/B. (1)

5.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wahamba waya eGoli waya kosebenzela ukulobola uNokwazi.
- Wabona ukuthi ukusebenza kuthatha kude kungcono antshontshe imali ukuze asheshe alobole isithandwa sakhe.
- UNokwazi nguyena muntu wokuqala aya kombona ngesikhathi ephuma ejele nayezimisele ukumnika imali. (2)

5.1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Yindawo enobhuqu.
- Yindawo engenawo ugesi.
- Izinto zokuhamba zimbalwa/aziziningi
- Endleleni wadlula intokazi iwasha emfuleni.
- Amathuna asegcekeni. (2)

5.1.9 Kusho ukuhamba usheshe/ukuhamba masinyane. (2)

5.1.10 Yingoba wabulawa ngesibhamu/Umfowabo wafa ngesibhamu/ Ingane yabo yafa ngesibhamu. (2)

5.1.11
- Ithemba uSipho ayezinike lona lokuthi bayobuye babendawonye nesithandwa sakhe lashabalala lapho ethola ukuthi uNokwazi sewashona.
- USipho ubecabanga ukuthi ulele endlini noNokwazi kanti ulele emnyango phezu kwethuna likaNokwazi abengazi ukuthi kanti sewashona.
- UNokwazi ayemshiye ephila usaphenduka isipoki okusho ukuthi umphefumulo wakhe awukutholile ukuphumula ngoba washona engasavalelisanga kuSipho ngakho-ke le mali ayeyiphethe angeke isazifeza izifiso zakhe (3)

5.2 **IMFIHLO KAMAKOTI – MT Mkhize**

5.2.1 Bahlangana emgwaqweni eduze nesiteshi sesitimela. (1)

5.2.2 Ethuneni/C. (1)

5.2.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayekade enawo umuzi eMgungundlovu kodwa wahlukanisa/ wadivosa nonkosikazi wakhe uMaSkhosana.
- Wayengenayo imali yokulobola omunye unkosikazi aphinde athenge omunye umuzi ngoba wayesakhokhela izikweletu ezadaleka ngesikhathi ehlukanisa. (2)

5.2.4 (a) Okunginika isibindi/ithemba/umdlandla/umfutho/amandla. (2)

(b) Ukumbona. (2)

5.2.5 Wagwazwa amantombazane ekhumbini kubangwa abashayeli. (2)

5.2.6 Wayekhathazekile ngemali ayeyishiye emhlabeni eyigqibile engayikhombisanga muntu. (2)

5.2.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwakufanele ayisebenzise ngendlela enenzuzo.
- Kwakufanele akhele uRebecca umuzi oyisitezi.
- Kwakufanele amenzele umsebenzi wokumkhumbula njalo ngonyaka. (2)

5.2.8 Izimpendulo ziyokwehluka:
Nazi izibonelo zezimpendulo ezingavela:
- Kwakufanele amlalele ukuthi uthini njengoba ayelokhu efika kuyena.
- Kwakufanele amxoshe amtshele ukuthi akaye endaweni yakhe yokuphumula.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi) (2)

5.2.9 Wamakhela itshe lesikhumbuzo. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### *IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

6.1 **Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli**

6.1.1 Esazokwenzeka (1)

6.1.2 Ukuthola iziqu zemfundo (1)

6.1.3 Imvumelwano siqalo. (2)

6.1.4 Ukuxhumana siqalo. (2)

6.1.5 Ngingqabashiye 'ze nakwabezayo ixoxwe indaba. (2)

6.1.6 (a) Ukumemeza. (2)
(b) Umfana osemncane. (2)

6.1.7 Ngiyogiya ngiqephuze. (2)

6.1.8 Ilirikhi, imbongi ikhuluma ngezifiso zayo. (2)

6.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Le nkondlo ikhuluma ngosuku imbongi elulindele ngabomvu.
- Ngalolu suku imbongi iyovuzwa ngemisebenzi yayo emihle.
- Ithi ngaleli langa iyojabula igiye iqephuze.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi). (2)

**NOMA**

6.2 **Kuyosala Izibongo – TB Qwabe**

6.2.1 Umfowabo/C. (1)

6.2.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Amahawu.
- Amaqhabanga.
- Amaklwa. (2)

6.2.3 Kwake kwaphila. (1)

6.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo.
- Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo.
- Zibanga amaqele namabhubhesi abulalayo.
- Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo. (2)

6.2.5 (a) Ayofa amaqhawe kusale kukhunjulwa imisebenzi yawo emihle. (2)
(b) Edinwe kakhulu. (2)

6.2.6 Isenzasamuntu. (2)

6.2.7 Inkondlo yomlando/i-ephiki.
Ixoxa ngomlando wamaqhawe aKwaZulu. (2)

6.2.8
- Le nkondlo ikhuluma ngamaqhawe akwaZulu ayelwa izimpi.
- Lawa maqhawe ayebhekana nezimo eziyingozi ezazibeka izimpilo zawo engozini.
- Amaqhawe okukhulunywa ngawo asashona kodwa imiphefumulo yalawa maqhawe ayikutholile ukuphumula ngoba awazange ahlanjululwe/agezwe ngendlela yesintu elandelwayo lapho umuntu efe ngesikhali.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi). (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha